*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

*Ukuthungatha umoya wentwasahlobo*
*(Searching for the spirit of spring)*
Illustrated by Selina Masego Morulane
Written by Mosa Mahlaba
Designed by Sibusiso Mkhwanazi
Translated by Nal'ibali
with the help of the Book Dash participants in Johannesburg on 27 June 2015.

ISBN: 978-1-928365-85-3

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.



Sekuphelile ukubanda kwasebusika. Kwase kuzoba yiNtwasahlobo emzini wakwaNdlovu.

Umuzi wawusuzohlangana ukuze ugubhe isikhathi sonyaka esisha. UNkanyezi wayelangazelela umkhosi weNtwasahlobo ukudlula nanoma iluphi usuku onyakeni.

Ngelinye ilanga ekuseni okwakufudumele, uNkanyezi wezwa abantu abadala ababili basemzini bekhuluma ngomkhosi.

“Abantu bakwaNdlovu sebelahlekelwe umoya wokugubha imikhosi,” kuphefumula omunye.

“Singaba nawo kanjani umkhosi weNtwasahlobo emzini osukhohliwe ukuthi kugujwa kanjani?” kubuza omunye.

UNkanyezi wayekhathazekile.

“Lizokhazimula kanjani ilanga futhi ngaphandle kokuba sicule ukuze livuke ebuthongweni balo basebusika?” ezibuza yena.

UNkanyezi wabe esecabanga isikhathi eside.

“Kumele ngithole lokho okusilahlekele,” kunquma yena. “Kumele ngihambe ngiyofuna lezo zinto ezizoletha umoya wokugubha emzini wakithi.”

Abantu abadala babusisela intombazanyana uhambo eyayizoluthatha. Babuye bayinika nesikhwama ezothwala ngaso zonke izinto ezozithola.

Wahamba, uNkanyezi ezizwa enovadlwana, kodwa wayefuna ukusiza umuzi wakubo.

UNkanyezi wahamba usuku lonke. Wenyuka egqumeni, wase ehlela esigodini. Wawela ngesikebhe umfula omkhulu, wase ecaca phakathi kwamadwala amabili acijile. Wahamba wanqamula ithafa waze wayofika ethunzini lezintaba ezibomvu.

Kwathi lapho sekuhlwa, uNkanyezi wafikela emzini onamaphethini kanye nemibala angakaze ayibone phambilini. Waxoxela abantu abadala basemzini ngohambo lwakhe lokubuyisela ebantwini bangakubo umoya wokugubha umkhosi.

Unina walesi sizwe wanikeza uNkanyezi isipho wase ethi kuye, “Sikunika lo pende ngothando ukuze uyobuyisela umbala emzini ongasenambala.”

UNkanyezi wabonga abantu abadala wase efaka upende esikhwameni sakhe.

Kusempondozankomo ngakusasa ekuseni wathatha uhambo lwakhe futhi, ethokozile ngalesi sipho sombala.

UNkanyezi wahamba usuku lonke, edabula kudukathole wehlathi elinezihlahla ezinkulu. Lapho isibhakabhaka sesimnyama kakhulu ukuthi angabona, wezwa umsindo wokukhala kwezigubhu. Washesha ebabele ngalapho kwakukhala khona izigubhu, ezwa umuzwa wokugida ufika ezinyaweni zakhe ezikhathele.

searching-for-the-spirit-of-spring_interior.indd 19 2021/06/10 12:30

UNkanyezi wazithole esemzini wakwaBhubesi. Abantu babehleli bezungeze umlilo, beshaya izigubhu futhi becula. Wayengakaze ezwe umculo omnandi kangaka.

Waxoxela abantu abadala basemzini ngohambo lwakhe lokubuyisela ebantwini bangakubo umoya wokugubha okuthile. AbakwaBhubesi bamcela ukuthi aphumule bese ehlala nabo ngalobo busuku.

Ekuseni inkosi yambiza uNkanyezi. “Ngane yami,” kusho yona, “nasi isigubhu esikhethekile. Sidlala iculo elisha njalo nje uma usishaya.”

UNkanyezi wabonga inkosi wase efaka isigubhu esikhwameni sakhe. Wahamba futhi, ejabule nalesi sipho somculo kanye nokugida.

Ngosuku lwesithathu lohambo lwakhe, ngesikhathi uNkanyezi edlula edlelweni lezinkomazi ezikhuluphele, ikhala lakhe laqala ukukitaza. Iphunga elimnandi lamenza wahala kwaze kwaconsa amathe. Walandela iphunga, waze wafika emzini wathola abantu beme eduze kwamabhodwe esitshulu esibilayo.

Lo muzi wawudume ngamadili awo. UNkanyezi wayengakaze azwe izinongo ezimnandi njengalezi. Ngemva kokudla ashaye esentwala, waxoxela abantu abadala basemzini ngohambo lwakhe lokubuyisela ebantwini bangakubo umoya wokugubha okuthile.

searching-for-the-spirit-of-spring_interior.indd 24 2021/06/10 12:30

Ngosuku olulandelayo, umkhandlu wabapheki wamnikeza ingxube yezinongo ezikhethekile eziyimfihlo.

“Ndodakazi yethu,” kusho bona, “ngalezi zithako, ziqinisekisiwe izisu ezithokozile! Sikunikeza isipho sokudla okumnandi.”

UNkanyezi wabonga umkhandlu wabapheki wase efaka izithako esikhwameni sakhe. Wayazi ukuthi wayesenakho konke ayekufuna. Ngomdlandla omusha waqala uhambo olude ebhekise amabombo ekhaya emzini wakwaNdlovu.



Lapho uNkanyezi efika ekhaya, abantu basemzini bamngunga ukuze bezwe ngezigameko zakhe. Wabaxoxela izindaba ngalokho akubonile, akuzwile kanye nakudliile. Wase evula isikhwama sakhe ukuze abelane nabo ngezipho ayeziphiwe. Abantu bakujabulela ukuthola le ngcebo. Ngenxa yokuba nesandla esiphanayo kwabanye kanye nesibindi sikaNkanyezi, abantu basemzini baphinda futhi bathola umbala, umculo, nokugida nokudla okumnandi ezimpilweni zabo. Ngakho-ke kwabuyiselwa umoya wokugubha emzini wakwaNdlovu.

searching-for-the-spirit-of-spring_interior.indd 28 2021/06/10 12:30

